INOVENA KAJOSEFA OCWEBILEYO

10 - 18 MARCH 2021

USUKU LWESIBILI: 11 March 2021

Josefa Ocwebileyo, Myeni kaMaria

Josefa Ocwebileyo, ngiyakuhlonipha njengomyeni kaMaria weqiniso. Imibhalo ithi: 'UJakobe wazala uJosefa, indoda kaMaria, azalwa nguye uJesu othiwa uKristo. Ukuthatha kwakho uMaria kwakuyindlela uNkulunkulu akhetha ukwazisa uJesu emhlabeni futhi uNkulunkulu wakubeka ube uMlondolozi kaMaria noJesu. Wawungumsizi othembekile, umsekeli nomduduzi. Uthando lwakho kuMaria lwalusekelwe ukumazisa njengoNina kaNkulunkulu.

Josefa Ocwebileyo, ngidumisa uNkulunkulu ngenhlanhla akunike yona ukuba ube umyeni kaMaria. Ngicelele name igrasiya lokuthanda uJesu ngenhiziyo yami yonke, njengoba wenza njalo wena, Kanye nokuthanda uMaria ngobubele nangokuthembeka owawunako kuye.

Josefa Ocwebileyo, ungumvikeli othembekile nomnxuseli wabo bonke abathanda futhi bekuhlonipha. Yiba ngumlondolozi nesibonelo sami empilweni yonke ukuze ngizuze ukufa ezingalweni zikaJesu noMaria njengawe. Ngiphakamisa inhliziyo yami ukuncenga ukunxuselwa okukhulu nguwe ukuzuza eNhliziyweni enobuNkulunkulu kaJesu wonke amagrasiya engiyadingayo ngokomphefumulo nenhlalakahle, ikakhulukazi igrasiya lokufa okuhle negrasiya elibalulekile engilicela manje ..... **(yisho isicelo sakho)**. Mlondolozi weZwi elaba yiNyama, nginethemba lokuthi imikhuleko yakho, esikhundleni sami, izozwakala kahle phambi kwesihlalo sikaNkulunkulu. Amen.

UMKHULEKO YONYAKA KAJOSEFA OCWEBILEYO

Sibalekela kuwe Josefa Ocwebileyo sisosizini. Sithi sesicelile kuMakoti wakho ocwebe cwe ukuba asisize, siyakuncenga nawe ngethemba elikhulu ukuba usilondoloze.

Siyakuncengisisa ngenxa yothando olwakunamathelisa kuMzali kaNkulunkulu, iVirigo elingenasici, nangenxa yothando lwakho olunjengolukayise, owayithanda ngalo ingane uJesu, sicela ukuba ubheke ngomusa ifa eliligugu, uJesu alizuza ngeGazi lakhe, uze uselekelele ngokusiza kwakho okunamandla thina abasosizini.

Wena Mlondolozi onakekelayo wabendlu eyingcwele, awulondoloze abantwana abakhethiweyo bakaJesu Kristo. Baba onesihe kakhulu, akusilondoloze singaze sathelwa ngesifo esithathelwanayo, esiyimfundiso yamanga nokwonakala. Wena Msizi wethu onamandla kakhulu, ake uthi usezulwini, usisize ekulweni kwethu namandla obumnyama.

Njengalokhu wake wophula uJesu eseyingane engozini enkulu yokubulawa, kanjalo-ke manje vikela iBandla eliyingcwele likaNkulunkulu, ulophule emacetsheni onke ezitha zalo nasekuhluphekeni konke. Uze usilondoloze nathi sonke ngaso sonke isikhathi, yikhona sothi sibonela kuwe, sisizwa uwe futhi, sihambe ngokulunga, size sife silungile, sifumane ezulwini ukuthokoza kwaphakade. Amen.

Asikhuleke ngesibomu sikaPhapha uFrancis

Baba wethu,……

Yethi Maria……..

Udumo alube…….

Josefa Ocwebileyo, Mmeli weBandla elingcwele, sikhulekele!